health
Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

BETHESDA Indaba

*Umbhali : Sanelisiwe N Vilakazi - 22-23 April*

# ISIBHEDLELA SASEBETHESDA OHLELWENI "ISBHEDLELA KUBANTU"



uNgqongqoshe wezempilo esbayeni samadoda ebesimelwe uMnu Gwala osuka eBethesda Hospital



uNomagugu Simelane (Owezempilo,Kzn) no Mnu Gwala (Bethesda M/E) , Ohlelweni isbaya samadoda

Basukume bazithatha abasebenzi besi bhedlela iBethesda

bejahe ukuyolekelela uNgqongqoshe Wezempilo

u Nksz Nomagugu Simelane nethimba lakhe ohlelweni Isbhedlela kubantu obelubanjelwe endaweni yase Ntshongwe kwaMhlabuyalingana, esifundazweni sase Mkhanyakude . Lolu wuhlelo olusungulwe uhulumeni wezempilo ukuba umpahkathi uthole kakula izinsiza zokusebenza ezingatholakali kalula ezindaweni zasemakhanya ikakhulukazi Kanye nohlobo lwezinsiza kusebenza ezingafiki kalula kubantu.

Kuloluhlelo kusuke kuhlangene khona izibhedlela zonke ezisuke zikhona kulesosifundazwe, zihamba nethimba lodokotela bamehlo,abamazinyo,abamathambo ,osonhlakahle nokunye nokunye.

I Bethesda iqoke abahlengikazi,odokotela bamazinyo kanye nabanye nabanye ukuba bazohlanganyela noHulumeni Wezempilo kuloluhlelo ukulekelela umphakathi waseMkhanyakude eNtshongwe.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

Isibhedlela iBethesda singezinye zezibhedlela eziqokiwe esifundazweni saseMkhayakude ukuba sizonwetshwa sibe sikhulu, sibe sezingeni eslibizwa ngokuthi i(Regional level) , Okuyizinga eliphakeme ngokwanele ukuthi lizoyigunyaza ukuba kutholakale iznsiza kuphila kubantu base Mkhanyakude,

ebezitholakala esibhedlela saseNgwelezane.

Sikhuluma ngezinsiza kuphila ezifana nochwepheshe bengqondo,inhliziyo,izinso kanye nokunye ouningi.

Kukikize omama ngesikhathi uNksz Nomagugu Simelane ongungqongqoshe wezempilo ethula

inkulumo nezindabba zokunwetshwa kwesibhedlela sase Bethesda Kanye nokwakhiwa kwe CHC endaweni yase Mtubatuba.

Bekugcwele kuphithiza kanti nabantu bakhombise ukulujabulela loluhlelo, lithe lithambama nje bese bel-inganiselwe ku 500 abantu abese beke bathola usizo kanti lesibalo bekulindeleke ukuba sibe ngaphezu kuka 800. Unqgongqoshe uSimelane uthe iBethesda iyingxenye yezibhedlela ezine ezizothuthukiswa nggaloluhlobo. Lezi ezinye i Dundee,Christ the king Kanye ne Vryheid bese kwakhiwa iCommunity Health Centre. Echaza ngaloluhlelo uNgqongqoshe uSimelane uthe: “Siwuhulumeni ka Khongolose sathatha isinqumo ngon yaka odlule sokuthi sizoba nezibhedlela ezisemakhayaokuzofanele

sizithuthukise, zisuke ekubeni ama District Hospitals zibe ama Regional Hospitals.




Abantu abaningi balapha KwaMhlabuyalingana uma begul;a siyaphoqeleka ukuba sibahambise kude eNgwelezane,

eMpangeni noma ezibhedlela zase Thekwini. Asikuthandi ukuthi abantu basemakhaya uma begula sibayise kude.

Ubuholi buka African National Congress lapha eMkhanyakude, uSihlalo uSphilile Mdaka benoNobhala uCde Verus Ncamphalala sekunesikhathi bekhala ngokuthi izibhedlela azanele lapha eMkhanyakude, becela ukuthi akube khona indlela yokuthi sandise izibhedlela”.

2030 NDP

GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

# “IXOXWA NGEZITHOMBE “KUSHO ABANTU”








**(LEFT) IMEYA YAKWA MASIPALA UMKHANYAKUDE ,MR SPHILILE MDAKA ,(MIDDLE LEFT),UMPHATHI WOMYANGO WEZEMPILO EMKHANYAKUDE ,MS MAKHOSAZANA THEMBA ,(MIDDLE RIGHT )MR MKHOMBO, USOMLOMO –KWAMASIPALA UMKHANYAKUDE.**



Umnu Hlabisa no Mnu Nkosi okungabethimba eliqinisekisa ezokuphepha eBethesda.



Umnu Nkosinathi Myeni ovela eBethesda eluleka umuntu ngohlelo lwesibaya samadoda.




uDkt Mbhele (Bethesda) Kanye no Dkt Roenell (Odokotela bamazinyo)



Umnu. Mathe (umphathi eBethesda) Kanye no Nksz Themba ongumphathi womnyango wezempilo eMkhanyakude bexoxa nelunga lomphakathi

Uhlelo lwamalungelo eziguli okubalwa kulo namalungeloo eziguli okukwazi ukubeka imibono ezibhedlela belukhona uMnu Thabani Ntuli ongumphathi wabaxhumaniisi bezibhedlela zonke eMkhanyakude obeqoke oyedwa Kubasebenzi abebekhona embizweni ukuba abe ngummeli kuloluhlelo okube ngu Nksz S. Vilakazi ,ongumsebenzi (osesthombeni)wase sibhedlela iBethesda, lwenzekileke njengokwezinhlelo, bafundisiwe abantu , banikwa namaphepha okugcwalisa babeka izifiso zabo, izikhalazo kanye nezincomo.






uMavilakazi umsebenzi wase Bethesda eluleka umphakathi mayelana nohlelo lwezikhalazo,izincomo Kanye nemibono .

# UMPHATHI WESIBHEDLELA SASE BETHESDA KANYE NETHIMBA LAKHE OHLELWENI LUKA SUKUMA SAKHE.

Umphathi sibhedlela wase Bethesda, uMnu M. Mathe uhambele indawo yaseMadonela ngaphansi komaspala uMhlabuyalingana ukuhlanganyela kanye nethimba lika Sukuma sakhe ebelithunyelwe ngu Ndunankulu uNksz Nomusa Dube njengoba bekugujwa usuku lwe khabhinethi , lapho bonke ongqonggqoshe besifunda bebedilikele ezweni laseMkhanyakude ukuzokweseka uMaspala uMhlabuyalingana. Lolu uhlelo luhlangganise yonke iminyango kahulumeni

Ukwakha ubumbano ,ukubambisana kanye nokusebenzisana kweminyango ehlukahlukene kulekelelwa umphakathi ngezidingo zawo. Lelithimba beliphumile ukuyohlola eminye yemisebenzi endaweni yaseMadonela ,ku wadi 14 ngaphansi kobukhosi bakwa Gumede. Lihambele amaphrojekthi amaningike eyokuqala nje kuqalwe eMadonela emtholampilo okuyisikhungo esiphansi koMnyango wezempilo ngaphansi kobuholi base sbhedlela sase Mseleni , Kwamhllabuyalingana. Kufikelwe khona emptholampilo lapho izihambeli zethu ezivela kwa COGTA, nasemnyangweni Wezolimo (Agriculture), Umnyango wezokuvakasha kanye (EDTA), umnyango wezempesheni (SASSA) kanye nomnyango wezokuthutha (Transport). Kuhlolwe izinhlobo nhlobo zemisebenzi okumele iqhubeke kulendawo kusuka ekusebenzeni kommtholampilo iMadonela ikakhulukazi esimeni sokuhlolwa kwamapayipi angenisa amanzi emtholampilo ,Kanye nokusebenza kwabalimi bethu laphana ezingadini zikakotini, kwanikezelwa nangokudla ehholo lomphakathi khona eMadonela.



Ubukhosi baseMadonela ,eWelcome ubaba Gumede, u cllr Z. Nyawo, usihlalo wamakhansela emkhanyakude obethunywe ungqongqoshe no mphathi womtholampilo eMadonela



Ithimba lakwa Sassa kanye nomnyango wezempilo okuyithimba laseBethesda kanye nase sbhedlela eMseleni,ohlelweni luka Sukuma sakhe



Ithimba lika Sukuma sakhe emasimini kakotini

KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
GROWING KWAZULU-NATAL TOGETHER

